bible society of south africa
bybelgenootskap van suid-afrika

1820 - 2020

non-profit company
maatskappy sonder winsoogmerk
company registration no / maatskappy registrasieno
2008/007505/08

BIBLE SOCIETY OF SOUTH AFRICA 200 YEARS

THANKSGIVING PRAYER IN ISIZULU

Somandla Nkulunkulu ongunaphakade

Siyakubonga ngeminyaka engama-200 yomsebenzi weNhlangano yeBhayibheli eNingizimu Afrika. Siyakubonga ngokuhlinzekela kwakho ngomusa. Siyakubonga ngokusebenzisana okunezithelo okuphakathi kwamabandla neNhlangano yeBhayibheli. Siyakubonga ngezihumusho eziningi eseziphothuliwe nangeziningi izigidigidi zamaBhayibheli esezinike abantu abangenakubalwa amandla okuba baliqonde iZwi lakho. Siyakubonga ngabo bonke abasebenze ngokwethembeka, nangalabo abasasebenza ngobuqotho, ukuphothula lo msebenzi.

Siyakubonga ngabo bonke labo abavule isandla besekela umsebenzi esikhathini esedlule, nangalabo abasakwenza lokhu.

Hola futhi ubusise umsebenzi weNhlangano yeBhayibheli, eNingizimu Afrika nabo bonke uBudlelwaneni Bobumbano lweziNhlangano zeBhayibheli, ukuze bonke abantu bezwe lakithi, nabo bonke abantu bomhlaba, bezwe Wena ukhuluma kubo ngolimi lwabo ngqo olusenhliziyweni.

Qinisa bonke labo ababambe iqhaza enkonzweni yeBhayibheli, ukuze ukukhanya kweZwi lakho kukhanye kwezikude izindawo zomhlaba nasemakhoneni amnyama bhuqe omhlaba wethu.

Sisize ukuba siqede nya ubuphofu beBhayibheli. Busisa umklamo wethu wezigidi ezimbili zamaBhayibheli siyakhuleka.

Sengathi iZwi lakho lingaba “yisibani ezinyayweni zethu,” “ukukhanya endleleni yethu” nombhoshongo wethemba labo bonke.

Sengathi lo nyaka, esigubha ngawo iminyaka engama-200 yomsebenzi weNhlangano yeBhayibheli ezweni lethu elithandekayo, impela ungaba ngunyaka weBhayibheli, unyaka iZwi lakho eliphakanyiswa ngawo neGama lakho likhazimuliswe!

NgoJesu Khristu iNkosi yethu

Amen

p o box 5500
tyger valley 7536 south africa
head office
134 edward street bellville
chief executive officer
rev dt gevers

biblia@biblesociety.co.za
t +27 (0)21 910 8777
f +27 (0)21 910 8799
www.biblesociety.co.za
www.bybelgenootskap.co.za

posbus 5500
tygervallei 7536 suid-afrika
hoofkantoor
edwardstraat 134 bellville
uitvoerende hoof
ds dt gevers